UNISA
UNIVERSITY OF SOUTH AFRICA

The Office Of The Principal and Vice - Chancellor

USOLWAZI MANDLA MAKHANYA, UTHISHANHLOKO NESEKELASHANSELA

INYUVESI YASENINGIZIMU AFRIKA

UKUGUBHA UMKHOSI WOKUSAYINWA KWE-MEMORANDAMU YESIVUMELWANO (I-MoA) YEMINYAKA EMI-3 PHAKATHI KWE-UNISA NENEMISA

ESAKHIWENI I-OR TAMBO, ESITEZI SE-13, EGUMBINI LEZICUKUTHWANE

13 MEYI 2019

I-Unisa, njengesikhungo esihola phambili kwezemfundo e-Afrika naseNingizimu Afrika, iyaziqhenya ngokusayina le Memorandamu Yesivumelwano yeminyaka emithathu neNEMISA. Ukutshala kuLwazi Lokusungula - okwaziwa nangokuthi yiK4i - kuhambisana kakhulu nezinhloso zamasu eNyuvesi yethu.

I-K4i igxile ocwaningweni oluphathelene namakhono edijithali. I-NEMISA nohlelo lwamakhono edijithali eNingizimu Afrika inenhloso ephelele yokugxilisa amakhono edijithali ezimpilweni zabantu baseNingizimu Afrika… ukuthuthuka komuntu ngamunye nomphakathi, ukulingana kwezomnotho, ukutholakala kwemisebenzi, amathuba okuba ngosomabhizinisi, kanye nethuba lokuncintisana.

Akuyona i-Unisa kuphela eyindawo evulelekile ekufundeni emabangeni akude nangokuxhumana ngekhompuyutha okufinyeleleka kuyo ezweni lonke; ukusebenza kwayo kuncike ebuchwephesheni bolwazi nokuxhumana ngobuchwepheshe bekhompuyutha (i-ICT). Enye yezindawo zethu eziyizisekelo zokucwaninga ngulwazi nobuchwepheshe bokuxhumana bokuthuthuka (obaziwa njenge-ICT4D). I-ICT4D isho ukusetshenziswa kwe-ICTs ngentuthuko okuhloswe ngayo ukwenza ngcono isimo somuntu. I-ICT4D nayo ingenye yamaphrojekthi amahlanu ocwaningo lwe-Unisa.

Ucwaningo lwe-Unisa lubheka:

- ukukhiqizwa kolwazi kanye nokuthuthukiswa kwabasebenzi ngokubhekelela izidingo zaseNingizimu Afrika kanye nezwekazi lase-Afrika

- ukugqugquzelwa kwentando yeningi, amalungelo abantu kanye nokuba yisakhamuzi esisebenza ngendlela
- ukuqamba izinto nokwakha amakhono kwezesayensi nezobuchwepheshe
- ezomnotho nezokusimama kwesimonhlalo
- ukufunda okuvuleleke emabangeni akude

Kuyacaca ukuthi ucwaningo lwamakhono edijithali luyingxenye yalokhu kugxila okukhulu.

Ukusebenzisana neNEMISA mayelana neK4i kuveza ukusebenzisana kwangempela. I-K4i ingucwaningo oluncike ohlelweni lukazwelonke lwamakhono edijithali ngokuxhumana neNEMISA ewela ngaphansi koMnyango Wezokuxhumana Ngobuchwepheshe Nemisebenzi Yeposi (iDTPS).

Ukucwaningwa kwamakhono edijithali kubandakanya ukubambisana okuningi. Amanye amanyuvesi ayisishiyagalolunye aseNingizimu Afrika ayingxenye yoxhaxha lezinhlelo zeNEMISA ezifundazweni kanti la manyuvesi anamaLebhu amakhono edijithali aziwa ngokuthi ngama*CoLabs*. Lawa ma*CoLabs* ezifundazweni adlala izindima eziningi kanti lokhu kubandakanya nocwaningo. I-K4i ihlinzeka ukuxhumanisa

nokwaluleka kwezocwaningo lwamakhono edijithali kuzwelonke. Njengengxenye yocwaningo lwamakhono edijithali e-Unisa, iK4i ihlose ukuhlinzeka imiphumela yokuthathwa kwezinqumo okusekelwe ngubufakazi.

I-Unisa iyaziqhenya ngokusebenza kule ndawo yababambiqhaza abaningi, okukhombisa ukuthi ucwaningo nokubambisana kungasebenza futhi kuqhubekisele phambili iNingizimu Afrika. Ama*CoLabs* amakhono edijithali asemanyuvesi alandelayo:

- INyuvesi YaseNtshonalanga Kapa
- I-Durban University of Technology
- I-Walter Sisulu University
- INyuvesi YaseLimpopo
- I-Vaal University of Technology
- INyuvesi YaseNyakatho-Ntshonalanga
- Inyuvesi yaseMpumalanga
- I-Central University of Technology

I-Unisa ibonga ngokweqiniso ukuthi iNEMISA ikhethe i-Unisa ukuba ihole ucwaningo lwamakhono edijithali.

Kucace bha ngokwemisebenzi eyenziwayo – eyenziwa yi-Unisa kanye nazo zonke ezinye izikhungo zemfundo - ukuthi izikhungo zemfundo ephakeme zinendima ebalulekile okufanele ziyidlale ekuthuthukiseni iNingizimu Afrika. Asiseyona imibhoshongo yamazinyo endlovu ahlamukiwe agada ulwazi kodwa singabadlali beqembu elibalulekile elifaka okuhle esivivaneni emphakathini. Asisebenzi sodwa. Njengoba kubonakala emsebenzini owenziwa yiK4i, sixoxisana nohulumeni, izinhlangano zomphakathi, izifundiswa kanye nabamabhizinisi.

Umthelela womsebenzi wokucwaninga we-K4i njengengxenye yohlelo lwamakhono edijithali wonke uholela ekukhuleni kwamakhono edijithali… kuwo wonke amazinga… ngaphakathi kweNingizimu Afrika. Amakhono edijithali abalulekile uma iNingizimu Afrika ifuna ukubamba iqhaza ngokugcwele oHlelweni Loguquko Lwesine Kwezezimboni. Ukucwaningwa kwamakhono edijithali kubalulekile uma sifuna ukuthatha izinqumo ezisekela ubufakazi obuzungeze uhlelo lwamakhono edijithali.

Sibonga iNEMISA nabo bonke ababambe iqhaza ngomsebenzi osuwenziwe okwamanje. Sibonga iNEMISA futhi ngokuxhaswa okuqhubekayo nokuthemba i-Unisa. I-MoA ikhombisa ukuthi iNEMISA isiphindaphinde kabili imali yesikhwama somsebenzi owenziwe yi-K4i ne-

Unisa. I-NEMISA inyuse isikhwama semali engama-R5.85m kule minyaka emibili edlule yatshala imali engama-R6.1m kulo nyaka uzayo. Lokhu kukhombisa ukuthi sinikeza inani eliphezulu lamakhono abalulekile ohlelweni olukhulu lamakhono edijithali.

Sisonke– nesibambisene nabo bonke – sizoqhubeka nokukhulisa ukuthuthukiswa kweNingizimu Afrika nabantu bayo.